Isifundo 3

**10–16 Mbaso*

“Zonke Izizukulwane Ezizayo”

ISABATHA NTAMBAMA

Funda Kuleliviki:
Gen. 3:6; Gen. 6:5, 11; Gen. 6:18; Gen. 9:12–17; Isa. 4:3, Samb. 12:17.

Memory Text:

“Kepha uNowa wayetholile umusa emehlweni kaJehova” *(Genesis 6:8)*.

Uma-bacteria ngokuncane kwezitshalo okuphilayo ongeke ukubone ngaphandle kwesibonakhulu (microscope). I-bacteria elilodwa elijwayelekile alilikhulu ukwedlula isihloko sepensela, nakuba wandise ngesibonakhulu ngo-1,000. Isimo sivumile ukuba ikhule—ukufudumala okwanele, umswakamo, kanye nokudla—i-bacteria yanda ngesivinini esikhulu. Ngokwesibonelo, amanye ama-bacteria anda ngokwahlukana phakathi: inhlayiya (cell) esikhulile yehlukana kabili. Kuthi lapho ukwehlukana phakathi kwenzeka njalo ngehora, i-bacterium eyodwa ingakhiqiza angaphezulu kuka-18,000,000 ama-bacteria amasha kumahora angu-24. Ekupheleni kwamahora angu-48, amakhulukhulu ezigidigidi zama-bacteria zibe sezibonakala. lesisigameko sezinto ezincane emvelweni siveza ukukhula ngesivinini kobubi ngemuva kokuwa. benezipho zobuhlakani, impilo ephelele, kanye Nokuphila isikhathi eside, lesisizwe esinamandla salahla uNkulunkulu sandinda ngamandla aso angavamile ukujaha ububi ngezinhlobo zabo. Nakuba ama-bacteria engaqedwa yilanga, amakhemikhali, noma ukushisha okukhulu, uNkulunkulu wakhetha ukubhekana nalokho kuhlubuka okudlangile ngozamcolo wezwe lonke.

Ukubuka Iviki: Yini eyenziwa yisono endalweni kaNkulunkulu na? Kwakuyiziphi ezinye izimpawu sesimilo sikaNowa na? Yiziphi izithako ezazikwisivumelwano noNowa na? Kungaziphi izindlela umusa kaNkulunkulu owembulwa ngazo kwisivumelwano noNowa ngaphambi kukaZamcolo na? Isivumelwano uNkulunkulu asenza nesintu ngemuva kukaZamcolo sisifundisani ngothando Lwakhe ngathi na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha, Mbaso 17.*

Isimiso SeSono (Gen. 6:5)

Umbono wezulu ekugcineni kokudala kukaNkulunkulu wawungukuthi konke “kwakukuhle kakhulu” (Gen. 1:31). Kwasekungena isono, kwaguquka izinto. Izinto zayeka ukuba “zinhle kakhulu.” Indalo kaNkulunkulu ehlelekile yangcoliswa yisono kanye nayo yonke imiphumela yaso enyanyekayo. Ukuhlubuka kwadlondlobala kakhulu ngesikhathi sikaNowa; ububi badla isizwe. Nakuba iBhayibheli linganiki imininingwane eminingi (buka u-Ellen G. White, Patriarchs and Prophets, pp. 90–92 ukuthola kabanzi), ukona kanye nokuhlubuka kwakuyinto ngisho noNkulunkulu onothando, obekezelayo, futhi nothethelelayo ayengeke ayimele. Izinto zonakala kanjani ngokushesha okungaka na? Impendulo, mhlawumbe, kulula ukuyithola. Bangaki abantu, namuhla, abathi bebuka izono zabo, bangabuzi into efanayo: Zonakale kanjani izinto ngokushesha okungaka na?

Buka izindimana ezingezansi. Bhala iphuzu elizenzayo. Qaphela ukukhula okungajahile kwesono:

1. Gen. 3:6 _____

2. Gen. 3:11–13 _____

3. Gen. 4:5 _____

4. Gen. 4:8 _____

5. Gen. 4:19 _____

6. Gen. 4:23 _____

7. Gen. 6:2 _____

8. Gen. 6:5, 11 _____

UGenesisi 6:5 no 11 akaqhamukanga Esikhaleni nje. Kwakunomlando ngaphambi kwawo. Lomphumela omubi wawunembangela. Isono saqhubeka nokukhula. Sinomkhuba wokwenza kanjalo. Isono asifani nokusikeka noma isilonda, esinendlela yokuzilapha. Kunalokho, isono, uma siyekelelwe, Siyanda, singaneliseki size sigcine ekubhubheni nasekufeni. Othile akumele aze acabange ngempilo ngaphambi kukaZamcolo ukuze abone lesisimiso sisebenza. Sikhona namanje. Akumangalisi ke ukuthi uNkulunkulu asizonde isono; akumangalisi ukuthi, Kungekudala, isono sizoqedwa. UNkulunkulu olungile, enothando akukho okunye angakwenza ngaso. Izindaba ezinhle, nembala, ngezokuthi nakuba efuna ukuqeda isono, ufuna Ukusindisa izoni. Simayelana nalokho isivumelwano.

UNowa (Gen. 6:9)

Phakathi kwazo zonke izindimana mayelana nobubi babantu ngaphambi kukaZamcolo, Indoda enguNowa iyagqama ngokumelene nalabo abayizungezile. Buka indimana engenhla, buka amaphuzu amathathu iBhayibheli eliwabalulayo ngayo. Kangangokuba unako, bhala ocabanga ukuthi kuchazwa ngalamaphuzu:

1. Wayeyi "ndoda elungileyo"

---

2. Wayengenaso "isici"

---

3. "Wayehamba noNkulunkulu"

Akubuzwa, uNowa wayengothile owayenobudlelwane obosindisayo noNkulunkulu. Wayengothile uNkulunkulu ayengasebenza naye, othile owayengamlalela Yena, futhi amethembe Yena. Yingakho iNkosi yakwazi ukusebenzisa uNowa ukufeza izinhloso Zayo futhi Yingakho uPetro, kwiTestamente Elisha, embiza "ngomshumayeli wokulunga" (2 Pet. 2:5).

Funda uGenesisi 6:8. Lendimana isisiza kanjani ukuba siqonde ngobudlelwane phakathi kukaNowa noJehovah na?

Igama umusa liqhamuka okokuqala Ezibhalweni lapha futhi ngokusobala liqukethe incazelo efanayo nekwiTestamente Elisha, lapho kuchazwa khona, isihle somusa kaNkulunkulu esingawufanele sibhekiswa kwizoni ezingawufanele. Ngalokho, siyadinga ukuqonda ukuthi nakuba "engenasici," futhi "elungile" uNowa, wayeseyisoni esasidinga isihle sikaNkulunkulu angasifanele. Ngalowo mqondo, uNowa akehlukile kithina abafuna ngokuqiniseka ukulandela uJehovah.

Ngokuqonda ukuthi uNowa Wayedinga umusa kaNkulunkulu, njengoba nathi siwudinga, buka impilo yakho bese uzibuza lombuzo, Kungashiwo yini ngami, njengoNowa, "ngilungile," "anginasici," futhi "ngihamba noNkulunkulu" na? Bhala izizathi zalokho okucabangayo (uma Kulungile kuwe) wabelane ngazo neklasi ngeSabatha.

Isivumelwano NoNowa

“ ‘Kepha ngiyakusungula isivumelwano nawe; futhi wena uyakungena emkhumbini, wena, amadodana akho, umkakho, nabafazi bamadodana akho’ ” (Gen. 6:18, RSV).

Kulendimana eyodwa sinesisekelo sesivumelwano semibhalo uNkulunkulu asenza nesintu: uNkulunkulu nesintu bangena esivumelwaneni. Kulula kanjalo. Kepha, kunezithako ezinye kunalokho esikubonayo. Ekuqaleni, kunesithako sokulalela ngasohlangothini lwesintu. UNkulunkulu uthi kuNowa yena nomndeni wakhe bazongena emkhunbini. Banendima okumele bayidlale, futhi uma bengakwenzi lokho, isivumelwano siphukile. Uma isivumelwano siphukile, yibona abalahlekelwayo ekugcineni, ngokuba ekugcineni abazuzi lutho esivumelwaneni. Nembala, uma uNowa wayethe Cha kuNkulunkulu futhi wangafuna ukuhambisana naso noma athi Yebo kodwa aphinde aguqule umqondo wakhe, kwakuyoba yimiphi imiphumela kuye nomndeni wakhe na?

UNkulunkulu “yisivumelwano Sami.” Lokhu kusitshelani mayelana nesimo sesivumelwano na? Yimuphi umehluko ongaba khona emqondweni wethu ngesivumelwano uma uJehovah ayengasibiza “ngesivumelwano sethu” na?

Nakuba lesisimo singavamile, sibona kuso ubuNkulunkulu nobuntu kwisivumelwano. ngokusungula “isivumelwano sami” noNowa, uNkulunkulu lapha uveza umusa Wakhe. Ubonisa ukuthi uzimisele ukuthatha iqhaza kuqala ukuze asindise isintu kimiphumela yesono. Kafushane nje, lesisivumelwano akumele sibonwe njengokuhlangana kwabalingani lapho “umlingani” ngamunye kwisivumelwano encike komunye. Singathi uNkulunkulu “uyazuza” kwisivumelwano, kodwa kuphela ngendlela ehluke kakhulu kuneyesintu. Uzuza ngokuthi labo abathandayo Yena bazonikezwa Ukuphila okuphakade—akukona ukweneliseka okuncane lokhu kuJehovah (Isa. 53:11). Kodwa lokho akusho ukuthi uzuza ngendlela efanayo thina—esamukelayo kulesisivumelwano—esizuza ngayo. Zama lesisingathekiso: Indoda iwele emanzini phakathi kwesiphepho. Othile emkhumbini uthi uzophonsa isivikela kuminza kuye bese emdonsa ngaso. Lowo osemanzini, nokho, kumele avume okumele akwenze, okungukugxavula futhi abambelele kulokho akunikiwe. Lokho, ngezindlela eziningi yikona okumayelana Nesivumelwano phakathi kukaNkulunkulu nesintu.

Lesisingathekiso sikusiza kanjani ukuba uqonde ngomusa okhona esivumelwaneni na? Sikusiza kanjani ukuba uqonde ukuthi Ubudlelwane bakho noNkulunkulu kumanje bumele bume phezu kwani na?

Uphawu Lothingo Lwenkosazana

"UNkulunkulu wathi: 'Lokhu kuluphawu lwesivumelwano engisenza phakathi kwami nani nazo zonke izilwane eziphilayo ezinani kuze kube sezizukulwaneni zaphakade: ngizakumisa uthingo lwami emafwini, lube luphawu lwesivumelwano phakathi kwami nomhlaba' " (Gen. 9:12, 13, RSV). Zimbalwa izigameko zendalo ezinhle ukwedlula uthingo lwenkosazana. Ngubani ongakhumbuli eseyingane ethathekiswa yimibala yokukhanya egobile esibhakabhakeni njengento okungathi ibizela ezulwini na? Nanjengabantu abadala, umoya wethu uyathatheka uma sibona lemibala emihle kakhulu emafini. Akumangalisi ke ukuthi nanamuhla uthingo lwenkosazana lusetshenziswa njengophawu lwezinto eziningi: kusukela kumaqembu ezepolitiki kuye kwezenkolo nemiculo kanye nabezokuvakasha (funa igama "rainbow" kwi-Web uzobona). Nembala, lelobhande lemibala emihle lisathinta okuthile ezinhliziyweni nasemiqondweni yethu. Nembala, yilokho uNkulunkulu ayekuhlosile.

UNkulunkulu wathi uthingo lwenkosazana luyoba wuphawu lwani na? Gen. 9:12–17.

UJehovah wathi uyosebenzisa uthingo lwenkosazana njengophawu "lwesivumelwano sami" (Gen. 9:15). Kuyathathekisa ukuthi azosebenzisa igama isivumelwano lapha, ngoba, lapha, isivumelwano sehlukile kunendlela esisetshenziswe ngayo kwezinye izindawo. Ngokuqhathanisa Nesivumelwano noAbrahama noma isivumelwano saseSinayi, akukho okulindelekile ngakulabo abazuzayo kulesisivumelwano (noNowa). Amazwi kaNkulunkulu abhekise kubantu bonke lapha, " 'zonke izidalwa eziphilayo' " (Gen. 9:15, RSV) "'kwizizukulwane zonke ezizayo' " (Gen. 9:12, RSV). Amazwi kaNkulunkulu ngawezwe lonke, engamele konke, nakuba abantu bayamlalela noma qha. Kulomqondo umqondo wesivumelwano awusetshenziswa njengalokhu unjalo noma yikuphi neBhayibheli uma likhuluma ngobudlelwane phakathi kukaNkulunkulu nesintu.

Kungamuphi umqondo lesisivumelwano esembula ngawo umusa kaNkulunkulu na? Ngubani owasungula lesisivumelwano na? Ngubani ozuzayo ekugcineni na?

Nakuba isivumelwano, njengalokhu sethulwe lapha, singezi nemibandela ethile ngakithina (nembala, ingxenye kaNkulunkulu ngeyokuba angaphinde abhubhise umhlaba ngozamcolo), ulwazi lwethu ngalokho okumelwe wuthingo lwenkosazana lungaba kanjani nethonya kithina lokuba siphile ngokulalela uJehovah na? Kafushane, ngabe kukhona imibandela egudliwe ngakithina lapho sibuka isibhakabhaka sibona uthingo lwenkosazana na? Cabanga ngayo yonke ingqikithi eyaletha uthingo lwenkosazana kanye nezifundo esingazifunda kuleyondaba.

“Kwasala UNowa Kuphela”

“Wachitha kanjalo konke okuphilayo ebusweni bomhlaba, abantu, nezinkomo, nezilwanyana ezinwabuzelayo, nezinyoni zezulu; wakuchitha emhlabeni; kwasala uNowa yedwa kanye nakho okwakukhona naye emkhunjini” (Gen. 7:23, RSV). Kulendimana umuntu uthola ngokokuqala ukubalulwa komqondo “wensali” Ezibhalweni. Igama elihumushwe “kwasala” liqhamuka kwelinye igama ompande yalo isetshenziswe izikhathi eziningi kwiTestamente Elidala lapho umqondo wensali udluliswa.

“‘UNkulunkulu wangithuma ngaphambi kwenu ukunilondoloza, nibe yinsali emhlabeni, nisindiswe kube ngukukhululwa okukhulu’ ” (Gen. 45:7, RSV; emphasis supplied).

“Kuyakuthi yena oshiyiwe eSiyoni naye osele eJerusalema, bathiwe bangcwele, bonke abalotshelwe ukuphila eJerusalema” (Isa. 4:3, RSV; emphasis supplied).

“Kuyakuthi ngalolo suku iNkosi ibuye yelule isandla sayo ngokwesibili ukuzuza insali yabantu bayo eyakusala” (Isa. 11:11, RSV; emphasis supplied).

Kuzo zonke lezizindaba, amagama agqamisiwe axhumene namagama afanayo “okwakusele” atholakala kuGenesisi 7:23, (RSV).

Buka kuGenesisi 7:23 kanye nezinye izibonelo. Uwuqonda kanjani umqondo wensali lapha na? Yiziphi izimo ezikhona ezaholela kwinsali na? Isivumelwano singena kanjani kulomqondo wensali na?

Ngesikhathi sikaZamcolo, Umdali womhlaba wabanguMehluleli wezwe. Ukwahlulela okwakusondele kwavusa umbuzo wokuthi ngabe konke okuphilayo emhlabeni—nesintu esiphilayo—kwakuyobhujiswa yini. Uma Kungenjalo, ngobani ababeyosinda na? Ngobani ababeyoba yinsali na? Kuloludaba, kwaba nguNowa nomndeni wakhe. Kepha ukusindiswa kukaNowa kwaxhumana Nesivumelwano sikaNkulunkulu kanye naye (Gen. 6:18)—isivumelwano esasuka futhi sasetshenziswa nguNkulunkulu wesihawu nomusa. Basinda kuphela ngenxa yalokho uNkulunkulu ayebenzele kona, nakuba kwakubaluleke kangakanani ukubambisana Naye kwabo. Nanoma yini eyayilindelekile kuNowa ngokwesivumelwano, futhi nakuba wayethembeke kangakani ekukwenzeni lokho, ithemba lakhe lalisemuseni kaNkulunkulu kuphela.

Ngokuncike ekuqondeni kwakho ngezigameko zezinsuku zokugcina, okufaka futhi isikhathi lapho uNkulunkulu eyakuba nensali (buka iSamb. 12:17), yikuphi ukuhambisana esingakufunda endabeni kaNowa okungasisiza silungiselele ukuba yingxenye yensali na? Kungaziphi izindlela esenza ngazo izinqumo zonke izinsuku ezingathinta lokho esikumele ngalesosikhathi na?

Cabanga Kabanzi:

Funda u-Ellen G. White, "The Flood," pp. 90–104 and "After the Flood," pp. 105–110, in *Patriarchs and Prophets*. "Uthingo lwenkosazana, isigameko semvelo, saba wuphawu olufanele lwesithembiso sikaNkulunkulu sokungaphinde abhubhise umhlaba ngozamcolo. Nanjengalokhu izimo zovuthondaba emhlabeni zizobe zehluke kakhulu ngemuva kukaZamcolo, futhi nezimvula zizothatha indawo yamazolo ekumanziseni umhlabathi, kwakudingeka okuthile ukuthulisa ukwesaba komuntu njalo kuna imvula. Ingqondo yezikamoya ingabona kwisigameko semvelo izambulo zikaNkulunkulu Ngaye (buka Rom. 1:20). Ngalokho uthingo lwenkosazana lungubufakazi kwikholwa bokuthi imvula izoletha isibusiso hhayi ukubhujiswa kwezwe."—*The SDA Bible Commentary,* vol. 1, p. 265.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. "Ngalezozinsuku izwe laligcwele, abantu banda, izwe libhonga njengenkuzi yasendle, futhi isithixo esikhulu sasivuswa yinhlokomo. U-Enlili wezwa inhlokomo wayesethi kwizithixo esigungwini, 'Umsindo wesintu awubekezeleki futhi nokulala akusenzeki ngenxa yebhabheli.' Ngalokho izithixo zavuma ukubhubhisa isintu."—"The Story of the Flood" in *The Epic of Gilgamesh*, trans. N. K. Sanders (London: The Penguin Group, 1972), p. 108. Qhathanisa lesisizathu sikaZamcolo naleso esinikeziwe Ebhayibhelini.

2. UNowa wenza okungaphezulu kokuxwayisa ayephila nabo ngokwahlulela okuzayo kukaNkulunkulu. Inhloso yesixwayiso sakhe kwakungeyokusiza abantu ababenomuzwa wesidingo sabo sosindiso. Kungani amaqiniso osindiso kungavamile ukuba athandeke na? Yenza uhla futhi nikhulume ngezinye zezinto ezivimbela abantu abaningi ekwamukeleni icebo likaNkulunkulu losindiso lwabo. See John 3:19; John 7:47, 48; John 12:42, 43; James 4:4.

Isiqoqo: Esifundweni saleliviki, siqaphele ukuthi izivumelwano uNkulunkulu azenza noNowa ngezokuqala ukubalulwa ngokuqondile Ebhayibhelini. Zibonisa ukuthatheka Kwakhe ngesintu kanye nesifiso Sakhe sokungena ebudlelwaneni obusindisayo naso. UNkulunkulu waqinisa kabusha isivumelwano Sakhe noNowa, futhi kwaba ngukuzinikela kukaNowa kuNkulunkulu okwamvikela ekuhlubukeni okwakudlangile futhi kwagcina kumsindisile yena nomndeni wakhe ekwahluleleni okubhubhisayo kukaZamcolo. "Loluphawu [uthingo lwenkosazana] emafwini ngelokuqinisa inkolo kubo bonke, futhi igxilise ukwethemba kwabo kuNkulunkulu, ngokuba luwuphawu lomusa wezulu kanye nokulunga ngakumuntu; ukuthi nakuba uNkulunkulu echukuluziwe ukuba abhubhise izwe ngoZamcolo, kepha umusa Wakhe usengamele umhlaba."—Ellen G. White, *The Story of Redemption*, p. 71.